ULebo wenza uhlolovo nokaputeni u-Asnath Mahapa ulwenzela iphephabhuku lesikole sakhe.

Ujabule kakhulu ukuhlangana nowesifazane wokuqala onsundu ongumshayeli wezindiza eNingizimu Afrika.

“Sawubona, kaputeni Mahapa! Wamukelekile kule ngxoxiswano yethu,” kusho uLebo.

“Sawubona Lebo futhi ngiyabonga. Ngicela ungibize ngo-Asnath,” kusho u-Asnath.



“Ngicela ungitshele ngesikhathi lapho usemncane,” kusho uLebo.

U-Asnath uyaphendula, “Ngazalwa ngonyaka ka- 1979 esifundazweni saseLimpopo eNingizimu Afrika.

Ngakhulela endaweni eyayingenawo amanzi nogesi. Sasifunda sikhanyisa ngekhandlela.”



“Waqala nini ukuba nothando lwezindiza nokundiza?” kubuza uLebo.

“Ngaqala ukuthanda izindiza ngineminyaka eyishumi nantathu.

Ngesikhathi ngihlala ngaphakathi esikoleni ngaqala ukufunda amaphephabhuku axoxa ngokundiza.

Konke kwaqala kanjalo-ke,” kukhumbula u-Asnath.




“Lwakhula kanjani lolu thando lokundiza?” Kubuza uLebo, ebhala phansi.


“Ngangihlale ngizibuza ukuthi izindiza ezinkulu nezisindayo zihlala kanjani emoyeni zikwazi ukundiza,” kuphendula u-Asnath.



Umbuzo kaLebo olandelayo uthi, “Yiziphi izifundo okufanele uzifunde uma ufuna ukuba ngumshayeli wezindiza?”

U-Asnath wachaza ukuthi iZibalo neSayensi izifundo ezibulekile.

“Uphinde uhlale emoyeni amahora amaningi ufundela ukushayela futhi uzijwayeza ngaphambi kokuthi uthole ilayisense,” echaza.




ULebo wase ebuza ngemininingwane yokufundela ukuba ngumshayeli wezindiza.

U-Asnath uyaphendula, “Ukuba ngumshayeli wezindiza, kufanele wazi kahle izinombolo nokubala.


Ukufundela ubuNjiniyela kukufundisa ukuthi izindiza zisebenza kanjani. UbuNjiniyela bugxile kulwazi lweSayensi neZibalo.”



“Uyakwazi ukukhumbula usuku lwakho lokuqala ushayela indiza? Ngiyesaba ukundiza!” Kusho uLebo.

U-Asnath waphendula wathi, “Ewu! Ikhanda lami lalizula futhi nginesiyezi. Kodwa angizange ngiphele amandla.

Manje, sengishayela ngiye kwamanye amazwe amaningi, ngifike ngifunde ngamasiko ahlukile.”




“Kufanele kube mnandi lokho!” kubabaza uLebo.

“Ungangitshela kabanzi ngokuthi izindiza zindiza kanjani?”

U-Asnath uyachaza, “Umoya ongena emaphikweni unikeza indiza amandla okuthi iphakame iye phezulu.


Amandla enjini wona enza indiza ikwazi ukuya phambili”



“Kuhlaba umxhwele kakhulu,” kusho uLebo. “Ngabe bukhona ubunzima owake wabhekana nabo ekubeni ngumshayeli wezindiza?”

“Yebo, buningi ubunzima engike ngahlangabezane nabo! Bangitshela ukuthi ngimfishane kakhulu. Nokuthi iziqu zami azikho eqophelweni elifanele.

Basho nokuthi umsebenzi wokushayela izindiza akuwona umsebenzi wabantu besifazane.”



ULebo uyabuza, “Wabe usuzixazulula kanjani lezo zinkinga?”

“Ngalwa ukuze umthetho omayelana nobude bomshayeli wezindiza ushintshe. Ngase ngibuyela esikoleni sokufundela ukushayela izindiza ngathola imiphumela emihle.

Ngangifuna ukukhombisa ukuthi abantu besifazane bangawenza lo msebenzi!” kuphendula u-Asnath.



ULebo uvuma ngekhanda lapho u-Asnath eqhubeka, “Ngafunda ukuthi uma uzimisele ngeke wehluleke.

Ngafunda ukungabalaleli abantu abathi angizukwazi. Nokuthi abantu besifazane bangenza noma yini abantu besilisa abakwazi ukuyenza.”

ULebo wathi, “Yiqiniso lokho!”



“Yini oziqhenya ngayo kakhulu?” kubuza uLebo.

“Nganginеminyaka engamashumi amabili kuphela ngesikhathi ngizuza iziqu zokuba ngumshayeli wezindiza wokuqala onsundu wesifazane lapha eNingizimu Afrika.

Ngaphinde ngaba yingxenye yohambo lokuqala ngendiza eyayinabasebenzi besifazane bodwa.

Nginothando lokukhuthaza amantombazane ukuba afunde iSayensi.”



ULebo uthi, “Ngeshwa, sesiphelelwe yisikhathi. Ngiyabonga ngengxoxiswano yethu.

Uyasikhombisa ukuthi uma umuntu ezimisele futhi esebenza kanzima, angandizela phezulu!”

U-Asnath wamoyizela wathi, “Ngiyabonga Lebo. Bekuyintokozo ukukhuluma nawe!”

## ——Imibuzo

1. Ngobani abantu ababili kule ndaba futhi bakhuluma ngani?
2. Kungani uLebo abe nale ngxoxiswano?
3. Yini eyayenza ukuthi u-Asnath afune ukuba ngumshayeli wezindiza?
4. Dweba isithombe sendiza ishayelwa nguwena?

Le ncwadi ibhalwe ngolimi lweSepedi, nje ngenye yezinsiza zokufunda zeprojekthi yeZenex Ulwazi Lwethu ngo-2020.